Umuzi kagogo wakhiwe eduze nesikhotha. Unengadi abayifisayo bonke abantu. Esikhotheni esibuqamama, kwakukhona unogwaja owayenenkani futhi engezwa. UNogwaja wayengakwazi ukuzibamba, econsa amathe ngengadi kagogo. Ugogo wayenobhontshisi, izaqathe kanye nezinye izitshalo ezimnandi engadini yakhe.





USoze ulandela ugogo uma enisela ingadi. Kumele wazi, uSoze umngane omkhulu kagogo.

Ekugcineni komsebenzi wosuku engadini, ugogo nomdlwane wakhe uSoze, baya ekhaya. Ugogo uzopheka imifino yakhe, badle, balale.

Ngelinye ilanga ntambama ngesikhathi ugogo noSoze belele, uNogwaja wanyenya wangena engadini yemifino. Wemba umgodi osuka esikhotheni ungene engadini kagogo. Wakhasa wasondela, eqalaza ukuqinisekisa ukuthi akabonwa.

*Eqi, eqi, eqi, phezu kweklabishi.*

*Edla!*

*Eqi, eqi, eqi, phezu kwesaqathe.*

*Edla!*

*Eqi, eqi, eqi, phezu kwezambane.*

*Edla!*

*Esedlile, wanyenya wabaleka.*

Ngakusasa ekuseni, ugogo wathola ukuthi izaqathe namazambane kugujiwe, ubhontshisi ufohloziwe wadliwa. Wazibuza ukuthi ngumuntu, inkawu, imfene noma ngokunye okwenze lokhu. Wacabanga ukubiyela ingadi yakhe ngocingo. Ebusuku wavala isango, walikhiya ngeketanga nengidi. Wacabanga nokuthi uSoze uzolala ngaphandle ukuze aqaphele ingadi.

Ngalobo busuku, ugogo wahlala ngasefasiteleni ukuze ezwe uma kukhona okuthize noma umuntu ozama ukungena engadini. Wahlala lapho isikhathi eside waze wazumeka walala, engasezwa lutho.

Ekuseni, wavuka wathola ukuthi isango lisavalekile. Yonke into isenjengoba wayeyishiyile, futhi azikho nezinyawo. Wanisela ingadi njengenjwayelo, noSoze emlandela.

Ngalobo busuku, uSoze walala endlini ngoba kwakubonakala ukuthi ucingo luyivikele ingadi.





“Soze, lesi yisimanga!” kusho ugogo ngakusasa ekuseni uma ebona ukuthi imifino yakhe idliwe futhi. Wazungeleza ingadi efuna ukubona ukuthi ngabe kunesikhala yini ocingweni. Kodwa lutho.

Esacabanga ngalokho, waqaphela isikhala esincane phakathi kwesigxobo sokubiya nocingo.

Uma ebhekisisa, wabona umgodi ojulile ongalingana ukuthi uSoze angene ngawo.

Ugogo wazibuza ukuthi yini edla imifino yakhe. Kungaba ikati noma inja? Kodwa izinja namakati aziyidli imifino engaphekiwe. Futhi azingeni emigodini!

Wacabanga kakhulu ukuthi ngabe yini edla imifino yakhe. Ngabe igundane? Wayengenaso isiqiniseko.

Wacabanga isikhathi eside kepha wangayithola impendulo. Lokhu kwenzeke ebusuku.

Kungaba yinyoni? Ezinye ziyahamba ebusuku. Isikhova, mhlawumbe?

Cha. Izikhova zihlala phezulu ezihlahleni, zenza umsindo, futhi nje azihlali emigodini.

Kwafika kuye ukuthi kungaba yini.

“Nakanjani nguNogwaja, Soze! Yiso kuphela isilwane esingalingana kulomgodi, futhi esithanda imifino.” Wakhuluma noSoze kwangathi angakwazi ukuphendula. USoze wakhonkotha ngokujabula.

Weza necebo lokubamba uNogwaja. Wathatha izaqathe ezinhle kakhulu, wazibopha ndawonye, wase ubophela intambo emlenzeni kaSoze. USoze uzokwazi ukuzwa ukudonseka kancane kwentambo bese egxumela uNogwaja. Ngalolu suku, uNogwaja wayelambe kakhulu engasakwazi nokulinda ubusuku njengoba ehlala enza. Ugogo wazenzela isiphuzo kanti uSoze wayethamele ilanga.



UNogwaja wakhasa wasondela, weqela engadini wabona izaqathe ezibukeka zimnandi zilenga ngentambo. Wadla ngokushesha waluma umlenze kaSoze. USoze wethuka, wavuka, wakhonkotha ejaha uNogwaja.

Ugogo walandela nenduku yakhe. Wagijima elandela uSoze; uSoze wagijimisa uNogwaja. UNogwaja wacinga umgodi oseduze. USoze wayekhona lapha ngemuva kwakhe. Waluma umsila kaNogwaja wanqamuka. Ngenkathi uSoze ekhonkotha egijimisa uNogwaja engena emgodini, umsila wakhe wawuyisiphunzi esidabukisayo.





Kusukela ngalolo suku, uNogwaja waba nomsila omfushane. Kuze kube namhlanje, izinja zijaha onogwaja futhi nonogwaja babalekela izinja. Kepha, onogwaja abakuyekile ukudla imifino.

Njalo uma ubona ingadi yemifino eluhlaza, kumele wazi ukuthi onogwaja abekho kude.

Ulwazi Lwethu

Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njenge "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

Ulwazi Lwethu

ISBN: 978-1-77981-524-8